




# UMabonwa uyasazi isikhathi



Zandile Malaza





UMabonwa unewashi elisha. Ufundà ukusho isikhathi.

“Useyazama ukufunda isikhathi, Mabonwa,”  
kusho ugogo.

Inkinga ukuthi uMabonwa akasibambi neze  
isikhathi. Konke ukwenza ngokunwabuzela!



Sekuyihora lesithupha, Mabonwa,” kusho ugogo. “Isikhathi sokudla kwantambama.”

UMabonwa udlala ukudla kwakhe ngokunwabuzela.

“Lomfana unwabuzelisa okwempethu,” kucabanga ugogo.








“Sekuyihora lesikhombisa, Mabonwa,” kusho ugogo. “Isikhathi sokugeza ulale.”

UMabonwa uxubha amazinyo ngokunwabuzela. Ulungiselela ukulala ngokunwabuzela.

“Lomfana unwabuzelisa okomenke,” kucabanga ugogo.



Ngehra lesithupha ekuseni, uMabonwa usalele.

“Vuka, Mabonwa!” kusho ugogo.

“Lomfana unwabuzelisa okweshongololo,” ugogo uyacabanga.







Sekuyihora lesikhombisa ekuseni.

“Shesha, Mabonwa! Uzophuza ukufika esikoleni,” kusho ugogo.

UMabonwa ugeza ngokunwabuzela.

Ugqoka ngokunwabuzela. Ukama izinwele ngokunwabuzela. Udla ngokunwabuzela.

“Lomfana unwabzelisa okonwabu,” ugogo uyacabanga.




Sekuyihora lesishiyagalolunye.

UMabonwa wephuzile ukufika esikoleni.  
Abasabonakali abanye abafundi.


“Shesha, Mabonwa!” kusho ugogo.

Kepha uMabonwa uhamba ngokunwabuzela,  
abuye azimele.

Loya mfana unwabuzelisa okofudu,”  
kucabanga ugogo.







Ngehra leshumi, uMabonwa ungena  
ekilasini ngokunwabuzela.

Bonke bayambheka. Uphuzile ukufika!

UMabonwa akakuthandi neze ukubukwa.  
Uphoxeke kakhulu.

“Angeke ngiphinde nginwabuzele ngephuze  
ukufika,” uyaziyala.




Ngakusasa, uMabonwa uvuka ekuseni  
kakhulu. Ubheka iwashi lakhe. Ihora  
lesihlanu. Ugogo usalele.

Ngokushesha, uMabonwa walungiselela  
ukuya esikoleni.

Namuhla akayena uMabonwa ufudu.  
Namuhla unguMabonwa ingulule!







UMabonwa uhamba ngokushesha uya esikoleni. Ubheka iwashi lakhe. Ihora lesikhombisa. Ungowokuqala ukufika esikoleni!



Kulezi zinsuku, uMabonwa akasafiki  
ngemuva kwesikhathi. Uyakwazi ukufunda  
isikhathi. Futhi uyaqhubeka nokwenza kahle  
ekubambeni isikhathi.

Ugogo uyaziqhenga ngaye!